(CIB pdf formfields Demoversion)

uthingo lwenkosazana
uGenesisi 8

UNkulunkulu wambusisa uNowa namadodana akhe, wathi: “Zalanani nande nezwe lonke! Izilwane zonke ngizethula kini, ziyonithobela: ezasendle, esasemanzini nezinyoni. Seningahlaba-ke manje ngokubona, nizidlele; aniseyukudla-nje kuphela izitshalo nezithelo, sengininika nezilwane-ke manje.

Eniyokuzila nje-ke lapho yinyama esenegazi. Ningayilokothi ngoba lapho kunegazi khona, kufana-nje nokuthi kunomphefumulo. Nelenu igazi lingalokothi neze lichithwe. Ngiyoqaphelisisa impela nje-ke lapho, ngikhokhise impilo ngempilo, emntwini noma esilwaneni. Obulala omunye, uyobulawa; ingani phela umuntu wadalwa wafuza uNkulunkulnu. Zalanani nande nomhlaba wonke!”

Useqhubeka-ke uNkulunkulu ethi kuNowa nasemadodaneni akhe: “Ngibopha ifindo lesivumelwano phakathi kwami nani nabozalo lwenu kanye nazo zonke izilwane ebezisemkhunjini. Ngiyanethembisa: Angiseyukuphinda ngiwubhubhise umhlaba. Uzamcolo ngeke uphinde uhlasele emhlabeni. Lesi sethembiso engininika sona siyoma njalo nanini nanini.

Njengeseikhumbuzo salokho ngibeka uphawu lwesihlangu sami esibhakabhakeni. Kuyothi-ke noma nini uma ngihlomisa izulu, kuvela uthingo lwenkosazana, ngikhumbule isethembiso sami kini nakukho konke okuphilayo. Uma nami ngibona lolu thingo, luyongikhumbuza ifindo lesivumelwano engilibophé nani. Lolu thingo luwuphawu lwefindo engibuyisana ngalo nakho konke okuphilayo emhlabeni.”

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -